



## Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale!

Minyaka yonke, ngoLwesithathu wokuqala kuNhlolanja, abantu abashisekela ukufunda nezindaba emhlabeni wonke bagubha Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Minyaka yonke, iNal'ibali iyahlanganyela kule migubho ukuze ikhuthaze bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuba basebenzise ilungelo labo lokufunda nokwabelana ngezindaba ngolimi abaluthandayo.



## It's World Read Aloud Day!

Every year, on the first Wednesday of February, World Read Aloud Day is celebrated by people from all over the world who are passionate about reading and stories. Every year, Nal'ibali joins in these celebrations to encourage all South Africans to exercise their right to read and share stories in a language that they choose.

### Izizathu ezi-5 zokufundela izingane zakho ngokuzwakalayo ngaso sonke isikhathi

- 1. Ukufundela izingane zakho ngokuzwakalayo kuninika izinto eningaxoxa ngazo.** Ukuxoxa kuqinisa isibopho phakathi kwakho nezingane zakho.
- 2. Izingane zilingisa lokho abantu abadala abakwenzayo.** Ukubona abazali bazo nabanakekeli befunda futhi bexoxa izindaba kusiza izingane ukuba ziqonde ukuthi ukufunda kuyinto ebalulekile, edingekile nejabulisayo ezingayifunda futhi ziyenze ngokwazo.
- 3. Kulula kuzo ukufunda ukufunda.** Lapho uzifundela ngokuzwakalayo izingane zakho, kuzibonisa indlela yokufunda nendlela izincwadi ezisebenza ngayo.
- 4. Izingane zakho zingajabulela izindaba ezingakakwazi ukuzifundela zona ngokwazo** ngoba izingane zazi futhi ziqonda amagama nolimi ngaphambi kokufunda ukufunda.
- 5. Zingafunda amagama amasha.** Lapho ufundela izingane zakho, zizwa amagama amasha nezinkulumbo ezindabeni. Lokhu kuzisiza ukwakha iqoqo elikhulu lamagama ezingawasebenzisa lapho zizifundela futhi zizibhalela ngokwazo.

### 5 reasons to regularly read aloud to your children

- 1. Reading aloud to your children gives you things to talk about.** Talking to each other strengthens the bond between you and your children.
- 2. Children copy what adults do.** Seeing their parents and caregivers reading and telling stories helps children understand that reading is an important, worthwhile and enjoyable activity that they could learn and do for themselves.
- 3. It is easier for them to learn to read.** When you read aloud to your children, it shows them how to read and how books work.
- 4. Your children can enjoy stories that they cannot yet read on their own** because children know and understand words and language before they learn to read.
- 5. They can learn new words.** When you read to your children, they hear new words and expressions in stories. This helps them to develop a large vocabulary that they can use when they read and write on their own.



### Izinyathelo ezi-4 zokuba umndeni ofundayo

Enye yezinto eziyinzuzo kakhulu esingazenza ukulalela nokukhuluma nezingane zethu nokwenza izinto nazo. Lokhu kuyazenzekela lapho imindeni ixoxa futhi ifunda izindaba ndawonye.

- 1. Funda ngolimi lwazo lwasekhaya.**
- 2. Funda izinto ezizithandayo.**
- 3. Funda izincwadi eziphrintiwe.**
- 4. Fundani ndawonye.**



### 4 steps to becoming a reading family

One of the best investments we can make is listening and talking to our children and doing things with them. This happens naturally when families tell and read stories together.

- 1. Read in their mother tongue.**
- 2. Read what they love.**
- 3. Read printed books.**
- 4. Read together.**



### Hlela ukwenza:

Nayi indlela yokuhlela ukufunda indaba yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ngomhla ka-1 kuNhlolanja 2023.

- ★ Yiya ku-[www.nalibali.org/wrad-2023](http://www.nalibali.org/wrad-2023) ubhalise umndeni wakho, iqembu lokufunda noma isikole.
- ★ Thumela ngeWhatsApp igama elithi "WRAD" ku-0600 44 22 54 bese ulandela iziqondiso zokungenela.
- ★ Dawuniloda indaba nganoma yiluphi lwezilimi eziyi-11 zaseNingizimu Afrika.
- ★ Zijwayeze ukufunda indaba kuzwakale ngaphambi kosuku olukhulu!
- ★ Khuthaza umndeni wakho nabangane ukuba nabo bakuhlele.



### Make your pledge:

Here's how to pledge to read the World Read Aloud Day story on 1 February 2023.

- ★ Visit [www.nalibali.org/wrad-2023](http://www.nalibali.org/wrad-2023) to sign up your family, reading club or school.
- ★ WhatsApp "WRAD" to 0600 44 22 54 and follow the directions to enter.
- ★ Download the story in any of South Africa's 11 languages.
- ★ Practice reading the story aloud before the big day!
- ★ Encourage your family and friends to pledge as well.



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.



# Ukubaluleka kwezilimi zasekhaya



Kungathatha iminyaka eminingi ukuba umuntu alufunde kahle ulimi lwakhe lwasekhaya, futhi lapho izingane zikuzwa ufunda izindaba futhi ukhuluma ngezihloko ezihlukahlukene ngolimi lwakho lwasekhaya kusukela zisengabantwana abancane, **kuyazisiza ukuba zifunde ngezinto kanye nangendlela umhlaba osebenza ngayo.** Kubuye futhi kuzinike isiqalo esiqinile esiholela ekufundeni okuphumelelayo esikoleni.

ENingizimu Afrika, imindeni eminingi ikhuluma izilimi ezingaphezu kolulodwa ekhaya. Lokhu kuhle kakhulu ezinganeni! Wonke amalungu omndeni, kuhlangukisa nezingane zayo yonke iminyaka yobudala, **angadlulisela imiqondo, ulwazi nokuqonda akufunda ngolimi oluthile kuye kolunye ulimi.**



Izingane zikwazi ukufunda ulimi olungaphezu kolulodwa ngesikhathi esisodwa! Isibonelo, ulimi lwasekhaya lukaMama kungase kube yiXhosa, futhi ulimi lwasekhaya lukaBaba kube yiSuthu. UMama noBaba ngamunye ukhuluma ulimi lwakhe kumntanabo. Umntwana uzokhula efunda isiXhosa nesiSuthu. Ngakho, uma amalungu omndeni ahlukene enezilimi zasekhaya ezihlukene, kuhle ukwabelana ngezincwadi nezindaba nezingane ngezilimi ezihlukene. Into ebalulekile ukuqiniseka ukuthi izingane zakho ziyakuqonda futhi ziyasijabulela isikhathi enisichitha ndawonye.

# The importance of mother tongues



It can take many years to learn one's mother tongue well, and when children hear you reading stories and talking about different topics in your mother tongue from when they are babies, **it helps them to learn about things and how the world works.** It also gives them a firm start for successful learning at school.

In South Africa, many families speak more than one language at home. This is a wonderful advantage for the children! All family members, including children of all ages, **can transfer the ideas, knowledge and understanding that they learn in one language to another language.**



Children are able to learn more than one language at the same time! For example, Mom's mother tongue could be isiXhosa, and Dad's mother tongue could be Sesotho. Mom and Dad each speak their own language to their baby. The baby will grow up learning isiXhosa and Sesotho. So, if different family members have different mother tongues, it is good to share books and stories with the children in different languages. The important thing is to make sure that your children understand you and enjoy the time that you spend together.

## Kuthiwani uma izingane zakho ziqala ukufunda ulimi olwengeziwe esikoleni? What if your children start learning an additional language at school?



**1.** Qhubeka ufunda futhi ukhuluma nezingane zakho ngolimi lwazo lwasekhaya. Kanjalo zingafunda ngemiqondo enzima kakhulu ngolimi esezilugonda kahle kakade. Isibonelo, izingane zakho kungenzeka ziyaliqonda kakade igama elithi "ubungane" ngolimi lwazo lwasekhaya. Lapho zifunda igama elithi "ubungane" ngolimi olusha, zidlulisela ukuqonda kwazo incazelo ejulile yegama elithi "ubungane" olimini olusha.

Keep reading and talking to your children in their mother tongue. In this way they can learn about more complex ideas in a language that they already understand well. For example, your children may already understand "friendship" in their mother tongue. When they learn the word for "friendship" in the new language, they transfer their understanding of the deep meaning of "friendship" to the new language.



**2.** Funda izincwadi zezithombe nezingane zakho ngolimi olusha ezilufunda esikoleni. Izithombe zizozisiza ukuba zifunde ulimi kalula kakhulu.



Read picture books with your children in the new language that they are learning at school. The pictures will help them to learn the language more easily.

**3.** Nawu umthetho olandelwayo: Qala ukukhuluma nazo nokuzifundela ngolimi (izilimi) zazo zasekhaya lapho zisengabantwana abancane. Qhubeka ukwenza lokhu kusukela ebuntwaneni kuqhubeka futhi, njengoba ziqala ukufunda ezinye izilimi esikoleni, qala ukuzifundela nangalezi zilimi!

Here's the golden rule: start talking and reading to them in your mother tongue(s) when they are babies. Keep doing this throughout their childhood and, as they learn other languages at school, start reading to them in these languages too!



Drive your imagination



# Qala uthathe isinyathelo!

Ngomhla ka-1 kuNhlolanja 2023, funda indaba yethu yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, ethi **Usuku ngalunye luyindaba**, emakhasini 5, 6, 11 no-12 yalesi sithasiselo uyifundele:

- izingane zakho, abazukulu, nabashana
- izingane ekilasini lakho noma esikoleni okuso
- amaqembu ezingane ngemicimbi ehlelwe ngokukhethekile eqenjini lakho lokufunda, elayibhrari noma esikhungweni somphakathi

## Get in on the action!

On 1 February 2023, read our World Read Aloud Day story, *Every day's a story*, on pages 5, 6, 11 and 12 of this supplement, to:

- your own children, grandchildren, nieces and nephews
- children in your class or at your school
- groups of children at specially arranged events at your reading club, library or community centre

*Every day's a story*

## Ezinye izinto ongazenza ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale

- Yenzani umdlalo owodwa noma eyengeziwe kulena ethi *Yenza indaba ihlabe umxhwele!*** esekhaveni engemuva yencwajana ethi *Usuku ngalunye luyindaba*.
- Ekhaya:** Yibani noBusuku Bokufunda Kuzwakale nomndeni wakini nabangane. Fundelanani izindaba enizithanda kakhulu bese nixoxa ngokuthi kungani nizithanda kangaka.
- Esikoleni okuso:** Yenzani Indawo Yokufunda Kuzwakale enezincwadi ezinhlobonhlobo zeminyaka yobudala ehlukahlukene. Hlela ukuba kube namavolontiya azofundela amaqembu ezingane ngokuzwakalayo kule ndawo ekhethekile luze luphele Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.
- Emphakathini:** Hlela umcimbi wokwabelana ngezindaba elayibhrari yangakini noma kunoma iyiphi indawo emphakathini. Mema abantu abadala nezingane ukuba beze bazokwabelana ngezindaba usuku lonke.
- Emsebenzini:** Cela ozakwenu ukuba banikele ngezincwadi ezingase zinikwe isikole sendawo noma iqembu lokufunda. Khuthaza abasebenzi ukuba bachithe isikhathi esithile befunda ngokuzwakalayo phakathi nekhefu lelantshi.

## More things to do on World Read Aloud Day

- Do one or more of the *Get story active!* activities on the back cover of the *Every day's a story* booklet.
- At home:** Have a Read Aloud Evening with your family and friends. Read your favourite stories aloud to each other and share why you enjoy them so much.
- At your school:** Create a Read Aloud Space with a variety of books for different ages. Arrange for volunteers to read aloud to groups of children in this special space throughout World Read Aloud Day.
- In the community:** Arrange a story-sharing event at your library or any community space. Invite adults and children to come along and share stories throughout the day.
- At work:** Ask your colleagues to donate books that can be given to a local school or reading club. Encourage staff members to spend some time reading aloud during a lunch break.

## Indlela yokusebenzisa izindaba zethu ngezindlela ezihlukahlukene

- Xoxela ingane yakho indaba.** Funda futhi ulungiselele ukuxoxa indaba. Bese usebenzisa izwi lakho, ubuso nomzimba ukwenza indaba iphile.
- Fundela ingane yakho indaba.** Xoxa ngemifanekiso. Buza, "Ucabanga ukuthi kwenzekani ngokulandelayo?" noma "Ucabanga ukuthi kungani umlingiswa esho noma enze lokho?"
- Funda indaba nengane yakho.** Fundani indaba ndawonye ngokushintshana. Ungawalungisi amaphutha azo, futhi nikeza usizo kuphela uma zikucela.
- Lalela ingane yakho ifunda.** Lalela ungaphazamisi. Yisho ukuthi uyakujabulela ukuzizwa zikufundela ngokuzwakalayo.
- Dlalani imidlalo ethi *Yenza indaba ihlabe umxhwele!*** Lokhu kufanele kujabulise kuwe nasenganeni yakho.

## How to use our stories in different ways

- Tell the story to your child.** Read and practise telling the story. Then use your voice, face and body to bring the story to life.
- Read the story to your child.** Talk about the pictures. Ask, "What do you think happens next?" or "Why do you think the character said or did that?"
- Read the story with your child.** Take turns to read the story together. Don't correct their mistakes, and only help if they ask for it.
- Listen to your child read.** Listen without interrupting. Say that you enjoy hearing them read aloud to you.
- Do the *Get story active!* activities.** This should be fun for you and your child.



Drive your imagination



# Ngokwabanakekeli bezingane ezincane

# For caregivers of young children

Siyaphinda siyakubingelela, nguNolwazi, waseWordworks, noThandi, umnakekeli.

Hi again, it's Nolwazi, from Wordworks, and Thandi, a caregiver.

1

## Yabelana nezingane zakho ngezincwadi

## Share books with your children

Sawubona, Thandi! Yebo, ngibhalise uKhanyi elayibhrari ngeviki eledlule. Kunezincwadi eziningi ezikahle kakhulu zayo yonke iminyaka yobudala, zamahala! Abasebenzi baselayibhrari bangakusiza ukuba uthole izincwadi ongaziboleka. Bangakutshela futhi uma kunesikhathi sezindaba esimisiwe esenzelwe izingane noma eminye imidlalo eyenzelwe wena nezingane zakho elayibhrari.

Hi, Thandi! Yes, I registered Khanyi at the library last week. There are many wonderful books for all ages, for free! The librarians can help you find books to borrow. They can also tell you if there is a regular story time for children or other activities for you and your children at the library.



Noma iyiphi incwadi esiza ingane ukuba ikwenze umkhuba ukufunda nsuku zonke ikahle kuyo.

Any book that helps a child to make a habit of reading every day is good for him or her.

Sawubona, Nolwazi! Kubukeka ngathi ubuselayibhrari. Bengingazi ukuthi banezincwadi zezingane ezincane.

Hi Nolwazi! It looks like you've been to the library. I didn't know they had books for younger children.



2

## Khomba amagama abhaliwe ubonise izingane zakho.

## Point out printed words to your children



Akudingeki ukuba izingane zilinde zize ziye esikoleni ngaphambi kokuba ziqale ukuba abafundi! Lapho izingane zifunda ukuthi amagama abhaliwe asitshela okuthile, ziba nesifiso sokwazi ukuthi athini. Kunezindlela eziningi izingane zakho ezingafunda ngazo ngamagama abhaliwe. Nazi ezinye zazo:

Children don't have to wait until they go to school before they can start being readers! When children learn that printed words tell us something, they become interested in what it says. There are many ways in which your children can learn about printed words. Here are some:

Khuthaza ingane yakho ukuba ibheke i-logo nezithombe ezikhangisweni nasemaphaketheni okudla. Siza ingane yakho iqagele ukuthi athini amagama. Lezi yizinyathelo ezibalulekile ekubeni ibe ngumfundi.

Encourage your child to look at the logo and pictures on **advertisements** and **food packaging**. Help your child to guess what the words say. These are important steps to becoming a reader.

Khuthaza izingane ukuba zibheke izinhlamvu zamagama kuyo yonke indawo ezikuyo. – ikakhulukazi **uhlamvu lokuqala lamagama azo** noma olamagama amalungu omndeni.

Encourage children to look for letters all around them – especially the **first letter in their names** or the names of family members.

Zisize ukuba ziqaphele **amagama ezitolo** kanye **nawezimpawu zomgwaqo** ukuze amagama nezinombolo abe yingxenye yokuphila kwazo!

Help them to notice the **names of shops** and **street signs** so that words and numbers become part of their world!



**Dawuniloda i-Wordworks App yamahhala ku-Playstore ukuze uthole okwengeziwe!**  
Download the free Wordworks App from the Play Store for so much more!

Building Literacy at home with  
**Wordworks**

## Yandisa ilayibhrari yakho.

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



## Grow your own library. Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your  
imagination



Bella doesn't say anything. She is looking at a book that she found in the reading corner in the sitting room.


"What's your book about, Bella?" asks Neo.

"I can't read the words, but the pictures show a very rich man," says Bella.

Ubelia akasho lutho. Ubheke incwadi ayithole ekhomeni lokufunda ekamelweni okuhlalwa kulo.

"Ikhluma ngani incwadi yakho, Bella?" kubuza uNeo.

"Angikwazi ukufunda amagama, kodwa izithombe ngezendoda ecebe kakhulu," kusho uBella.



"I'm so bored," says Neo.

"There's nothing for us to do," Afrika says.

"Angive nginesithukuthazi," kusho uNeo.

"Ayikho into esizoyenza la," kusho u-Afrika.

Gogo, Neo and Bella are spending the holidays with Afrika and his family. Each day the friends do something exciting that they can't wait to tell their friends and family at home about. But then load shedding strikes! What can Afrika, Neo and Bella do to keep their holiday story alive?

UGogo, uNeo noBella bachiitha amaholide no-Afrika nomndeni wakubo. Usuku ngalunye laba bangane benza into ejabulisayo abajale kakhulu ukuyixoxela abangane babo nomndeni ekhaya. Kodwa kube sekuqala ukuhamba kukagesi (load shedding)! Yini u-Afrika, uNeo noBella abangayenza ukugcina indaba yabo yeholide ijabulisa?

### Get story active!

- ★ Draw a picture of your favourite part of the story.
- ★ Why don't you try acting out this story or a part of it with a group of your friends and family? You could show how you would collect eggs, ride on a tractor and pick mealies. Use actions, words and voices to make it fun!
- ★ Write down a recipe for your favourite food. Draw a picture of the food. Why is this your favourite food?
- ★ Make a crown with cardboard, glue, beads and pieces of material and dry pasta pieces.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Dweba umfanekiso wengxenywe oyithanda kakhulu yendaba.
- ★ Kungani ungazami ukuyilingisa le ndaba noma ingxenywe yayo ukanye neqembu labangane bakho nomndeni wakho? Ungase ubonise indlela ongaqoqa ngayo amaqanda, ugibele ugandaganda futhi uvuna umbila. Sebenzisa iminyakazo, amagama namaphimbo ukuyenza ijabulise!
- ★ Bhala iresiphi yokudla okuthanda kakhulu. Dweba umfanekiso walokho kudla. Kungani lokhu kuwukudla okuthanda kakhulu?
- ★ Yakha umqhele ngekhatloni, i-glue, ubuhlalu nezingcezu zendwangu kanye nange-pasta ethile eyomile.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination

## Every day's a story!



## Usuku ngalunye luyindaba!

Tumisang Shongwe • Rico Schacherl

**Ideas to talk about:** What do you think is happening in the picture on the cover of the booklet? What did you do or see today that you would like to tell your family about?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Yini ocabanga ukuthi iyenzeka esithombeni esisekhaveni yencwajana? Yini oyenzile noma oyibonile namuhla ongathanda ukuxoxela umndeni wakho ngayo?

World Read Aloud Day 2023 • Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale 2023





Gogo scratches in her handbag and pulls out the book she found at the library. Gogo always has a book in her bag! She goes outside to sit on the bench on the stoep. She can see Afrika, Neo and Bella sitting under the big tree in the garden.

Ugogo uphuthaza esikhwameni sakhe akhiphe incwadi ayithole emtatsheni wezinchwadi. Ugogo uhlele enencwadi esikhwameni sakhe! Uphumela phandle afike ahlele ebhentshini esitubhini. Uyababona o-Afrika, uNeo noBella behlezi ngaphansi komuthi omkhulu engadini.

Neo, Mbali and Gogo are visiting Afrika's house for the holiday. Bella has come along too.

On Monday they spend the whole day on Afrika's uncle's farm. They collect eggs, pick mealies and ride on the tractor.



UNeo, uMbali noGogo bavakashela kubo ka-Afrika ngaleli holide. NoBella ukhona.

NgoMsombuluko bachitha usuku lonke epulazini likamalume ka-Afrika. Baqoqa amaqanda, bakhe ummbila futhi bagibele ugandaganda.

"Kukhona engikucabangayo!" kusho u-Afrika.

"Mina ngizonifundela incwadi bese siyidlala sonke le ndaba exoxwayo!"

"Umcabango omuhle lowo!" kusho uNeo.

UBella unikeza u-Afrika incwadi.

"Lena ikhuluma ngoMansa Musa," kusho u-Afrika. Ngemva kwalo kхо uMansa Musa, "kusho u-Afrika. Ngemva umbusi ocebile waseMali owaphisana ngegolide eliningi. U-Afrika uvula amehlo abe makhulu azulize izandla emoyeni njengoba efunda le ndaba, ebadulala ngensini oNeo noBella.

"I have an idea!" says Afrika. "I can read the book to you and then we can all act out the story!"

"That's a great idea!" says Neo.

Bella gives the book to Afrika.

"This one is about Mansa Musa," says Afrika. Then he reads the story about Mansa Musa, the rich emperor of Mali who gave away lots of gold. Afrika widens his eyes and waves his hands around as he reads the story, making Neo and Bella laugh.

UMme wa Afrika uzwa abantwana behleka. Ulunguza ngefasitela lekamelo lakhe ababone bedlala indaba. Ubukela lo mdlalo ngenjabulo.

"Bekumnandi! Kufanele sidlale enye indaba futhi kusasa!" kusho uNeo.

"Nami ningibale!" kumemeza uMme wa Afrika ejabulile.

"Nami futhi!" kumemeza uGogo esesitubhini. "Kungcono ukuyidlala indaba kunokuyibukela kuthelevishini!"

Kulo lonke iholide wonke umndeni ujabulela isikhathi sokuxoxwa kwezindaba njalo ntambama. Indaba ngayinye iyajabulisa!





“Ngizonambitha inkukhu ngomlomo wami,” enquma. Ukhazo luyahleka ngoba usemcanane kanti lona ludala. Ludala kunezipuni ezisenjini, ludala kunomfowabo kaKasini omdala. Ludala kangangoba luwazi ngekhandawonke amaresiphi amnandi kakhulu. UKasini unezela usawoti owengeziwe, i-pepper nokhahlo esobheni. Lokhu akulungile futhi uyakwazi, kodwa umane nje uqinisa ikhanda.

“I will use my mouth to taste the chicken,” she decides. The stick laughs because she is young and it is old. It is older than the cutlery in the house, older than Kasini’s older brother. So old that it knows all the great recipes by heart. Kasini adds more salt, pepper and curry powder to the soup. This is wrong and she knows it, but she is only being stubborn.



Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)



### Get story active!

- ★ Take a few blank pages and staple or sew them together to make a book. Write down recipes of your favourite foods in the book.
- ★ Draw or cut out and paste pictures of each food underneath its recipe.
- ★ Use clay or playdough to make models of pots, pans, spoons and forks.

### Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- ★ Thatha amakhosi ambalwa angenalutho bese uwafasa nge-staple noma uwathungele ndawonye ukuze wenze incwadi. Bhala amaresiphi okudla okuthandayo encwadini.
- ★ Dweba noma usike ukhiphe futhi unamathisele izithombe zokudla ngakunye ngaphansi kweresiphi yako.
- ★ Sebenzisa ubumba noma inhlama yokudlala ukwenza amabhodwe amancane, amapani, izipuni nezimfoloko.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination

## Miss Tiny Chef



## UMiss Tiny Chef

Linda Nabasa • Ruramai Musekiwa  
• Raymond Diby

**Ideas to talk about:** Why is Miss Tiny Chef holding a spoon? Why do you think this spoon has a face? Do you help to cook at home? Who does the cooking in your home?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Kungani uMiss Tiny Chef ephethe isipuni? Ucabanga ukuthi kungani lesi sipuni sinobuso? Ingabe uyasiza ngokupheka ekhaya? Ubani ophekayo ekhaya kini?



Kasini is eight years old. She loves to cook. She reads a cookbook on the school bus every morning and before bedtime.

UKasini uneminyaka eyisishiyagalombili ubudala. Uyakuthanda ukupheka. Ufunda incwadi yokupheka ebhasini lesikole njalo ekuseni kanye nangesikhathi sokulala.

“GET BACK TO WORK,” the stick scolds. “Cooking is not work, it’s fun,” Kasini laughs. The stick tells her if the soup needs more salt, if the chicken needs more heat and when the ugali is ready to eat. Sometimes Kasini doesn’t listen to the stick. “I will taste the soup out of my palm,” she says.

“BUYELA EMSEBENZINI,” ethethiswa ukhezo. “Ukupheka akuwona umsebenzi, kuwumdalo,” kuleleka uKasini. Ukhezo luyamtshela uma isobho lidinga usawoti owengeziwe, uma inkukhu idinga ukushisa okwengeziwe kanye nalapho ugali usulungele ukudliwa. Ngezinye izikhathi uKasini akalulaleli ukhezo. “Ngizonambitha isobho esandleni sami,” esho.



“Now I can serve Mummy the food I made,” Kasini says excitedly. “The food we made,” she giggles, as she tucks the stick away.


“Manje sengingamphakela uMama ukudla engikuphekile,” kusho uKasini ngenjabulo.

“Ukudla esikuphekile,” egigitheka, njengoba ebeka ukhezo.





The stick doesn't like being  
disrespected, it changes  
colour from brown to red to  
show Kasini that it is angry.  
Ukhezo aluthandi  
ukudelelwa; lushintsha  
umbala usuka konsundu uya  
kobomvu ukuze lubonise  
uKasini ukuthi lucasukile.



Nobody knows her  
secret, that she sleeps with a wooden  
mingling stick every night. When she  
sleeps, she dreams that she is smiling, wearing  
a chef's hat and holding her mingling stick  
high up in the air.

Akukho muntu owazi imfihlo yakhe, yokuthi  
ulala ephethe ukhezo njalo ebusuku. Lapho  
elala, uphupha emamatheka, efake isigqoko  
sompheki futhi ephethe ukhezo lwakhe  
eluphakamisele phezulu.





Usika ukhukhamba futhi abeke ucezu esweni ngalinye. **UBHAKLAZA** amapani kakhulu njengoba egxuma eya phezulu naphansi.



She slices the cucumber and places a slice on each eye. She **BANGS** the saucapans loudly as she jumps up and down.



Kasini loves to sing as she cooks. She sings to the carrots and dances with the flour.

UKasini uyakuthanda ukucula njengoba epheka. Uculela ukherothi futhi adanse nofulawa.

“The soup will BURN without the mingling stick!” moans Kasini. **“Isobho LIZOSHA ngaphandle kokhezo!”** kukhala uKasini.



She sings for the stick, but there is no change. **“I am sorry,”** she says. The stick turns back to brown just in time, and Kasini hugs it in joy.



Uculela ukhezo, kodwa alukho ushintsho. **“Ngiyaxolisa,”** esho. Ukhezo lubuyela ekubeni nsundu ngesikhathi, futhi uKasini uyaluhaga ngenjabulo.





"I suppose it's nap time for Mbali and Dintle," says Mme wa Afrika. She takes Mbali and Dintle to the bedroom and covers them with a blanket. Then she tells them a story. Soon they are both fast asleep.

Mme wa Afrika hears the children laughing. She looks out of the bedroom window and sees them acting out the story. She watches the show with delight.

"That was fun! We should do it again tomorrow with a different story!" says Neo.

"Count me in!" Mme wa Afrika calls out excitedly.

"Me too!" Gogo shouts from the stoep. "Acting out a story is better than watching it on television!"

For the rest of the holiday the whole family enjoys story time every afternoon. And every story is an adventure!



"Such hard workers deserve a treat," says Uncle as he roasts mealies for the children to eat.

Bella can't wait to tell her friends at school about this day.

"Abantu abasebenza kanzima kanje kufanele bathole okumnandi," kusho uMalume ngenkathi osela izingane ummbila.

UBella ujahe kabi ukutshela abangane bakhe esikoleni ngosuku lwanamuhla.



On Wednesday afternoon the whole family watches a television show. Just when the story reaches the most exciting part ...  
*Poof!* The television switches off!  
Oh no! Load shedding! What will they do now?  
NgiLwesithathu ntambama umnden! wonke ubukele iithelevishini.  
Kuthi nje lapho indaba isitika lapho imnandi khona ...  
*Nyampu!* Icishe iithelevishini!  
Eishi! Usucishwe ugesi! Bazokwenzani! manje?



On Tuesday, Neo, Afrika and Bella help Gogo bake delicious scones. Gogo gives Mbali some dough to play with. When the scones have cooled, Mme wa Afrika breaks open five scones and puts some jam on each. Everyone gets one, except Mbali and Dintle.  
"They are too young to eat scones and jam," says Mme wa Afrika.  
"They can have some banana."  
Neo writes down the scone recipe. "One day when Mbali and Dintle are older, I will bake scones for them," he smiles.

NgoLwesibili, uNeo, u-Afrika noBella basiza uGogo ukubhaka amasikoni amnandi. UGogo unika uMbali inhlama encane ukuthi adlale ngayo. Uma esepholile amasikoni, uMme wa Afrika uhlephula amahlanu, wonke awagcobe ujamu. Wonke umuntu uthola isikoni, ngaphandle kukaMbali noDintle.

"Basebancane kakhulu ukuthi bangadla amasikoni nojamu," kusho uMme wa Afrika. "Bona bangadla ubhanana."

UNeo ubhala phansi iresiphi yamasikoni. "Ngelinye ilanga uma sebekhulile oMbali noDintle, ngiyobabhakela amasikoni," emamatheka.



"The end," says Afrika as he closes the book. "Now let's act out the story!"  
"I'll be Mansa Musa!" Bella says. The children find some cardboard, glue and buttons and make a crown for Bella to wear on her head. Bella picks up stones and hands them to Neo and Afrika. "Here's gold for you, friends. Go and buy yourselves some cows."  
Then they all act out the story together.

"Iyaphela," kusho u-Afrika evala incwadi. "Asiyidlale-ke manje le ndaba!"  
"Mina ngizoba uMansa Musa!" kusho uBella. Abantwana bathola ikhadibhodi, iglu nezinkinobho bese benzela uBella umqhele azowufaka ekhanda.  
UBella ucosha amatshe awanike oNeo no-Afrika. "Nali igolide lenu, bangane. Hambani niyozithengela izinkomo."  
Bonke bayidlala ndawonye le ndaba.





# Ngifundele ngolimi lwenhliziyo yami

Umhla ka-21 kuNhlolanja  
Usuku Lomhlaba Lolimi  
Lwasekhaya



## Read to me in the language of my heart

**21 February is World  
Mother Language Day**

**Sithinte** noma ngayiphi yalezi zindlela:  
**Contact us** in any of these ways:



[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)



[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)



[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

*nalibali*





## Ukati nophela



nguYolanda Banze ■ Imifanekiso nguChantelle noBurgen Thorne

Uphela omncane oyisiwula onsundu wake wahlala endlini nomndeni onokati.

Uphela omncane oyisiwula onsundu, njengawo wonke umndeni wakubo, wayekuthanda ukudla. Amaphela akudingeki adle nsuku zonke, kodwa kule ndlu izingcezu ezimnandi kakhulu zazishiyelwa ukati – izingcezu uphela omncane oyisiwula onsundu ayehluleka ukuzigwema! Izimpondo zakhe ezinde zazihlale ziyaluza njengoba zicosha amaphunga amnandi kakhulu ayegcwala ekhishini lapho nokati ayedlela khona.

“Ungayi ekhishini njalo ebusuku. Bazokubona futhi bakubulale!” kuxwayisa umndeni kaphela omncane oyisiwula onsundu. Kodwa lona wayeziphilela ukuphila kwakhe okujabulisayo futhi akazilalelanga izixwayiso zabo. Wayekujabulela ukuziminca ngokudla okuconsisa amathe okusesitsheni sikakati.

Ukati wayethanda ukuzishiyela i-snack saphakathi kwamabili njalo ebusuku, kodwa ngokumangalisayo, lapho efika endishini yakhe, kwakungekho lutho. “Kuyamangaza-ke lokhu,” kucabanga ukati. “Nakanjani ngugundane odla i-snack sami saphakathi kwamabili ubusuku ngabunye.” Ngakho wacinga ugundane indlu yonke.



Njengoba ukati ayecinga ugundane owebayo ubusuku ngabunye, uphela omncane oyisiwula onsundu wafa yinsini. “Ukati ucabanga ukuthi uhla kaniphe kakhulu,” kugijitheka uphela omncane oyisiwula onsundu njengoba elinde ukuba ukati aphonse ithawula ayeke ukucinga.

Ngobunye ubusuku, uphela omncane oyisiwula onsundu waqaphela ukuthi ukati wayephinde wazishiyela ukudla nobisi azokudla kamuva, futhi isisu sakhe saqala ukuguruzwa. Izimpondo zakhe zayaluza ziya ngapha nangapha, kuyilapho esalinde ukuba ukati ayolale. Wabukela njengoba inyanga ihamba kancane idlula ewindini.

“Shesha bo, hamba uyolale! Ngafa yindlala,” kukhononda uphela omncane oyisiwula onsundu kwaze kwaba yilapho ukati ezumeka ekugcineni.

Phakathi naleso sikhathi, ukati wayedumele kakhulu ngoba wayengamtholi ugundane owebayo. Empeleni, wayengalizwa ngisho nephunga likagundane. “Kuthiwani uma umndeni ungase uthole ngendaba kagundane? Bazocabanga ukuthi sengiguge kakhulu ukuxosha noma ngisho nokuzwa igundane! Bangase baqale ukucabanga ukuthola ukati omusha nose mncane,”

ecabanga ngendumalo.

Ngobunye ubusuku, uphela omncane oyisiwula onsundu wachwechwa wayosho ekhishini futhi. “Okati abebe beyizilima,” ecabanga njengoba edla izinsalela ezithile zokudla okusesitsheni sikakati.

Kodwa ngokungazelele kwakhanya isibani sasekhishini, kulandela ukumemeza okukhulu, okuhlabayo, okuthusayo! Ukumemeza kwakukukhulu futhi kuhlaba kwaze kwenza uphela omncane oyisiwula onsundu wadideka kangangoba akazanga ukuthi abaleke ashonephi.

Kwakumemeza owesifazane ohlala kule ndlu. Waqhubeka ememeza futhi wayegijima lonke ikhishi, egxumagxuma, futhi eqa, isikhathi ngasinye, egeja uphela omncane oyisiwula onsundu owayephunyuka ngesivini.

Wonke lo msindo owesabisayo wenza ukati waqhamuka egijima ekhoni ezojoyina kulo mgijimswano. Lokho kwanika owesifazane ithuba lokuthatha ikani lesifutho esikhulu esibomvu. Uphela omncane oyisiwula onsundu wabaleka kukati, ejabuliswa ukuthi owesifazane ubonakala esephonse ithawula, kanti akayibonanga ingozi ayesekuyo.

Owesifazane wakala kahle futhi washo ngesifutho, ukati wathimula, futhi uphela omncane oyisiwula onsundu waqala ukuzizwa ediyazela futhi enenzululwane.



“Maybabo, lo msindo uzongiqhumisa ikhanda,” kucabanga uphela omncane oyisiwula onsundu, “futhi angisaboni nakahle njengoba ikhanda lami lizungeza kangaka. Kungani, kodwa kungani, ngebe ukudla kukakati? Kungani, kungani, ngingalalelanga umndeni wami?” wahhomuzela ngaphambi kokuba aquleke.

Owesifazane wathatha umshanelo futhi wamshanela uphela omncane oyisiwula njengoba ukati ebukele.

“Phela omncane oyisiwula onsundu, ungalokothi ubuye lapha! Ngizobe ngikulindle, ngikuqaphile,” kusho ukati njengoba owesifazane ephonsa uphela omncane oyisiwula onsundu phandle ngomnyango wangemuva ebusuku.

Yingakho, kuze kube namuhla, uphela omncane oyisiwula onsundu ehlala ngaphandle, kude nokati namakani ezifutho nabesifazane abamemeza ngokuhlabayo. Kodwa ngezinye izikhathi amaphunga amnandi aba namandla kakhulu, bese uphela omncane oyisiwula onsundu aphuthume angene endlini azimince kancane ngokudla ebumnyameni, phakathi nobusuku.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Ungazizwa kanjani uma ubungabona iphela endlini kini? Dweba umfanekiso wakho lapho ubona iphela.
- ★ Cabanga ngophela efuna ukuxolisa kukati ngokweba ukudla kwakhe. Bhala incwadi uphela ayithumelela ukati.

- ★ Yenza sengathi uyile ntokazi yalapha kule ndlu. Bonisa indlela eyagxuma ngayo futhi yeqa izinto lapho ibona uphela.
- ★ Sebenzisa ubumba oluthile noma inhlama yokudlala ukwenza imifanekiso kakati nophela.



Drive your  
imagination





# The cat and the cockroach

By Yolanda Banze ■ Illustrations by Chantelle and Burgen Thorne

Story  
corner



A silly little brown cockroach once shared a house with a family and their cat.

The silly little brown cockroach, like his whole cockroach family, loved eating. Cockroaches don't have to eat every day, but in this house the yummiest bits and scraps were set out for the cat – bits and scraps the silly little brown cockroach could not overlook! His pair of long feelers were constantly twitching as they picked up the most delicious smells that drifted from the kitchen where the cat also ate.

"Do not go to the kitchen every night. You'll be seen and killed!" warned the silly little brown cockroach's family. But he was leading a very happy life and did not listen to their warnings. He enjoyed having plenty of lip-smacking food from the cat's bowl.

The cat liked to leave a midnight snack for herself every night, but surprisingly, when she got to her bowl, she would find it empty. "This is very strange," thought the cat. "It can only be a mouse that is eating my midnight snack each night." So she searched all over the house for a mouse.



As the cat searched for the thieving mouse each night, the silly little brown cockroach shook with laughter. "The cat thinks she is so clever," the silly little brown cockroach giggled as he waited for the cat to give up on the search.

One night, the silly little brown cockroach noticed that the cat had once again left some of her food and milk for later, and his tummy started to growl. His feelers flicked this way and that, while he waited for the cat to go to sleep. He watched as the moon slowly crawled past the window.

"Oh, hurry up and go to sleep! I am so hungry," complained the silly little brown cockroach until the cat finally fell asleep.

In the meantime, the cat grew very sad because she could not find the thieving mouse. In fact, she could not even smell the mouse. "What if the family finds out about the mouse? They will think that I have become too old to chase or even smell a mouse! They might start thinking of getting a new and younger cat," she thought sadly.

Late one night, the silly little brown cockroach snuck into the kitchen once more. "Cats are really not very clever," he thought as he nibbled on some of the leftover food in the cat's bowl.

But suddenly the kitchen light flicked on, followed by the most frightful, long, piercing scream! The scream was so loud and so piercing that it confused the silly little brown cockroach so much that he didn't know which way to run.

The scream came from the woman who lived in the house. She kept screaming as she ran all over the kitchen with a hop, skip and a jump, just missing the scurrying silly little brown cockroach every time.

All this frightful noise brought the cat running around the corner to join the chase. This gave the woman the chance to grab a red spray can. The silly little brown cockroach darted away from the cat, glad the woman seemed to have given up, but not realising the danger he was in.

The woman aimed and sprayed, the cat sneezed, and the silly little brown cockroach started to feel woozy and dizzy.



"Oh, this noise is going to crack my skull," thought the silly little brown cockroach, "and I can't see clearly with my head spinning so much. Why, oh why, did I steal the cat's food? Why, oh why, did I not listen to my family?" he mumbled before he fainted.

The woman grabbed the broom and swept the silly little brown cockroach up as the cat looked on.

"Silly little brown cockroach, don't you come back here! I will be waiting and watching," said the cat as the woman threw the silly little brown cockroach out the back door into the night.

And that is why, to this day, the silly little brown cockroach stays outside, away from cats and spray cans and women with piercing screams. But sometimes the yummy smells become too much for him, and then the silly little brown cockroach will scurry into a house for a small feast in the middle of the dark, dark night.

## Get story active!

- ★ How would you feel if you saw a cockroach in your house? Draw a picture of yourself when you see a cockroach.
- ★ Imagine that the cockroach wants to apologise to the cat for stealing her food. Write the letter the cockroach sends to the cat.

- ★ Pretend that you are the lady of the house. Show how she hopped and skipped when she saw the cockroach.
- ★ Use some clay or playdough to make models of the cat and the cockroach.





# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

## Nal'ibali fun



1.

### Yenza ibheji

1. Sika ukhuphe ibheji ulandela umgca ongamachaphaza **abomvu**.
2. Faka umbala emfanekisweni.
3. Sika isangqa esilingana nebheji ngobukhulu kwikhadibhodi ephephece, umzekelo, ibhokisi yesiriyeli.
4. Sebenzisa iglu ukuncamathelisa ibheji ekhadibhodini.
5. Sebenzisa into yokuncamathelisa eqinileyo ukuze uncamathelise umva wesipelitana ngasemva kwibheji yakho. Okanye ugqobhoze umngxunyana emantla ebheji ze ufake iwulu okanye umtya ukuze ukwazi ukuyijingisa entanyeni yakho.
6. Yonwabela ukunxiba ibheji yakho xa ufunda okanye umamele amabali ngoSuku lokuFunda ngokuVakalayo lweHlabathi.

### Make a badge

1. Cut along the **red** dotted line to cut out the badge.
2. Colour in the picture.
3. Cut a circle the same size as the badge from some thin cardboard, for example, a cereal box.
4. Use glue to paste the badge onto the cardboard.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang it around your neck.
6. Enjoy wearing your badge as you read and listen to stories on World Read Aloud Day.



2.

### Yenza isibhengezo esinomnhalo!

Yenza isibhengezo (noma iphosta) ngezilimi ezimbili **soSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale** ozosifaka ekhaya, esikoleni, elayibhrari noma eqenjini lokufunda. Sika futhi ukhiphe amagama nezithombe okungezansi ongathanda ukukusebenzisa esibhengezweni sakho, futhi ukunamathisele nge-glue ekhasini elide lephepha elingenalutho. Ungabe ke usunzela owakho umbhalo nemidwebo, kanye/noma usike ukhiphe izithombe namagama komagazini namaphephandaba ukuze uqedele indaba yakho.

### Make a banner!

Make a bilingual **World Read Aloud Day** banner (or poster) to display at your home, school, library or reading club. Cut out the words and pictures below that you would like to use on your banner, and glue them to a long sheet of blank paper. Then add your own writing and drawings, and/or cut out pictures and words from magazines and newspapers to complete your banner.

Ngiyakuthanda ukufunda!



kuyajabulisa ★  
**KUWUMDLALO**

Ukufunda kukuambisa  
izindawo!



kuyakhuthaza  
kukwenza uphumule

Isikhathi somndeni!

**Kuyathokozisa**



I Love reading!

★ enjoyable  
**FUN**

Reading takes you  
places!



inspiring  
relaxing

Family time!

**exciting**



**UNal'ibali** ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte** noma kungeyiphi yalezi zindlela:

**Nal'ibali** is here to motivate and support you. **Contact us** in any of these ways:



[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)



[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)



[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekela Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

**UMLAZI  
EYETHU**

**EASTERN CAPE  
RISING SUN**

**POLOKWANE  
OBSERVER**



Drive your  
imagination

**Nal'ibali**